# UMTHETHO WEZAKHIWO NEZINDAWO ZIKAMASIPALA, 2013

**Wokuhlinzekela ukuphathwa nokulawulwa kwezakhiwo nezindawo zikaMasipala; wokuhlinzekela ukuchithwa kwemithetho nokugcinwa kwayo; kanye nokuhlinzekela izindaba eziphathelene nalokho.**

## ISENDLALELO

**NJENGOBA** kunesidingo sokuthi uMasipala ushaye imithetho ephathelene nokusetshenziswa kwezakhiwo nezindawo zikaMasipala;

**FUTHI NJENGOBA** kunesidingo sokuthi uMasipala ulawule ukungena nokuphuma ezakhiweni nasezindaweni zakhe futhi abeke imigomo yokuqashiswa nokusetshenziswa kwazo;

**MANJE NGAKHO-KE,** uMkhandlu kaMasipala, kuMasipala woMkhandludolobha weTheku, ngokulandela isigaba 156 sifundwa neNgxenye B kaSheduli 5 woMthethosisekelo weRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika, siphinde sifundwe nesigaba 11 soMthetho weziNhlelo zoMasipala woHulumeni baseKhaya, 2000 (uMthetho No. 32 ka 2000) ngalokhu ushaya lo Mthetho kaMasipala olandelayo:

## OKUQUKETHWE

## ISAHLUKO 1
## UKUHUNYUSHWA KOMTHETHO

1. Izincazelo
2. Ukuhunyushwa kwalo Mthetho kaMasipala
3. Izinhloso zalo Mthetho kaMasipala
4. Ukusebenza kwalo Mthetho kaMasipala

## ISAHLUKO 2
## UKUQASHWA NOKUSETSHENZISWA KWEZAKHIWO NEZINDAWO ZIKAMASIPALA

### Igxenye 1: Izikhungo zobuciko namasiko nezikhungo zomphakathi

5. Ukufaka isicelo sokuqasha izakhiwo zikaMasipala
6. Ilungelo likaMasipala lokwenqaba noma lokuhoxisa ukuqashiselana
7. Ukusetshenziswa kwezakhiwo
8. Ukukhokhwa kwezimali ezinqunyiwe
9. Isikhathi sokuqasha
10. Imigomo nemibandela yokuqasha
11. Ukukhangiswa obala kwemigomo nemibandela yokuqashisa
12. Ukuqashisa koqashile
13. Imibandela yezakhiwo zikamasipala
14. Izimemezelo zomphakathi nokukhangisa
15. Ukugcwalisa indawo ngokweqile
16. Ukudayiswa kokudla
17. Imisebenzi kaMasipala
18. Ukusebenzisa nokunakekela indawo
19. Ukuhoxiswa kokuqashiselana ngenxa yomonakalo noma yokulinyazwa kwezakhiwo zikaMasipala
20. Ukuhoxiswa kokuqashiselana ngenxa yokwephula isivumelwano
21. Isibopho sesiqashi uma kuphela isikhathi sesivumelwano sokuqashiselana
22. Ukuhlolwa kwezakhiwo uma kuphela isivumelwano sokuqashiselana
23. Umshwalense
24. Igunya likaMasipala lokungena ezakhiweni
25. Imigomo yezokucishwa komlilo nokuvikeleka
26. Izikhungo zomphakathi namagumbi emicimbi yamaqembu
27. Okwenqatshelwe

### Ingxenye 2: Izindawo zamakhempu namakharavani

28. Imigomo nemibandela

29. Ukufaka isicelo sephemithi yokukhempa namakharavani
30. Ukwabiwa nokusetshenziswa kwezindawo
31. Ukwelulwa kwamaphemithi
32. Ukusetshenziswa ngendlela efanele komgwaqo nezindlela zabahamba ngezinyawo
33. Ukubekiswa kwendawo
34. Ilungelo lokwenqaba ukuvuselela iphemithi
35. Ukuyekiswa kwamaphemithi
36. Okwenqatshelwe
37. Ukushiywa kwendawo ihlanzekile futhi iqoqekile

**Ingxenye 3: Izindawo zezemidlalo nokubhukuda**

38. Imigomo nemibandela
39. Ukubekiswa kwezindawo zezemidlalo
40. Izilwane
41. Izibhamu nezikhali zendabuko
42. Izindawo zokubhukuda nezikhathi zokusebenza
43. Ukuvunyelwa ukungena ezakhiweni ezinendawo yokubhukuda
44. Ukusebenzisa okukhethekile
45. Izakhiwo ezinamagumbi okushintshela
46. Ukuqeqesha nemiyalelo
47. Okungavumelekile maqondana nezindawo zokubhukuda

**ISAHLUKO 3**

**OKUYINGXUBEVANGE**

48. Amacala nezinhlawulo
49. Ukudluliselwa kwamandla
50. Ukudluliswa kwamacala
51. Ukuchithwa kwemithetho nokugcinwa kwayo
52. Isihloko esifingqiwe nokuqala kokusebenza komthetho

## ISHEDULI
## IMITHETHO ECHITHIWE

## ISAHLUKO 1
## UKUHUNYUSHWA NOKUSEBENZA KOMTHETHO

**Izincazelo**

**1.** Kulo Mthetho kaMasipala, ngaphandle uma ingqikithi isho okwehlukile—

**"ubuciko"** kushiwo noma yisiphi isenzo noma okwakhiwe okususelwa ekhonweni lomuntu, emsebenzini wezandla noma okudwetshiwe izakhiwo zikamasipala ezingaqashelwa khona;

**"iciko"** lapha kushiwo umuntu oyingxenye yokudlalwa noma yokusungulwa komsebenzi wobuciko kanti 'onobuciko;

**"umsebenzi ogunyaziwe"** kushiwo umuntu ogunyazwe ukusebenzisa okushiwo yilo Mthetho kaMasipala, okubandakanya phakathi kokunye –

(a) isikhulu somthetho njengoba sichazwe esigabeni 334 soMthetho weNqubo yamaCala, 1977 (uMthetho No. 51 ka 1977);

(b) amaPhoyisa kaMasipala noma oMkhandludolobha njengoba echazwe eMthethweni wamaPhoyisa waseNingizimu Afrika, 1995 (uMthetho No. 68 ka 1995);

(c) nalabo basebenzi, izithunywa, abanikezwe amandla, abamele kanye nabenzela uMasipala imisebenzi ngokugunyazwa nguye;

**"umsebenzi obhekele amakhempu"** kushiwo umsebenzi oqokwe uMasipala ukuthi abhekele indawo yamakhempu;

**"indawo yamakhempu"** noma **"indawo yamakharavani "** kushiwo umhlaba uMasipala awubekele ukusetshenziswa njengendawo yokukhempa noma yamakharavani, noma kokubili;

**"indawo yokukhempa "** kushiwo indawo eqokwe umsebenzi obhekele amakhempu endaweni yokukhempa ngenhloso yokuthi kumiswe amakhempu kuyo;

**"ikharavani"** kushiwo inqola noma okunye okunjalo okudonsekayo okuhamba ngamasondo okwakhelwe ukuhlalisa nokulalisa abantu phakathi, lapha kubalwa nendlu enamasondo, isigadla noma iveni lokukhempa;

**"indawo yamakharavani"** kushiwo indawo eklanywe umsebenzi obhekele ukukhempa endaweni yokukhempa ukuze kumiswe amakharavani, anamatende noma angenawo;

**"isikhungo"** kushiwo indawo yomphakathi ephethwe noma elawulwa uMasipala esetshenziswa noma engase isetshenziswe amalunga omphakathi uma enemicimbi yemidlalo edlalelwa endlini, imicimbi yamasiko noma ezikaqed' isizungu;

**"UMthethosisekelo"** kushiwo uMthethosisekelo waseRiphabhliki yaseNingizimu Afrika, 1996;

"**izakhiwo"** kushiwo isakhiwo noma uhlaka lukaMasipala oluqashwa noma olungaqashwa ukuze lusetshenziswe ngamalunga omphakathi ngokwalo Mthetho kaMasipala, kodwa hhayi inxanxathela yezitolo;

**"ukuqasha"** kushiwo ukwenza isivumelwano noMasipala lapho kukhokhwa khona imali enqunyiwe yokusebenzisa indawo noma izakhiwo zikaMasipala, kanti igama **"isiqashi"** linencazelo efanayo;

**"uMkhandlu kaMasipala"** noma **"uMkhandlu"** kushiwo uMkhandlu kaMasipala waseThekwini, umkhandlu kamasipala okukhulunywe ngawo esigabeni 157(1) soMthethosisekelo;

**“uMasipala"** kushiwo uMasipala waseThekwini, umasipala osemkhakheni A njengoba kuchazwe esigabeni 155(1) soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika wase usungulwa ngokweSaziso soMphakathi No. 343 sika-2000 (KwaZulu-Natali);

**“imenenja yedolobha”** kushiwo umuntu oqokwe ngokwesigaba 54A soMthetho weziNhlelo zoMasipala njengenhloko yezokuphatha yomkhandlu kamasipala;

**"indawo kamasipala"** kushiwo indawo yomphakathi engekaMasipala, noma elawulwa nguMasipala eqashisekayo ukuze isetshenziswe ngumphakathi noma etholakala mahhala ngokwalo Mthetho kaMasipala ngenhloso yokwenza imicimbi yobuciko, yamasiko, yezepolitiki, yezoqed’ isizungu noma yezenkolo kodwa hhayi inxanxathela yezitolo;

**"iNqubomgomo"** kushiwo iNqubomgomo yamatharifu eyemukelwa nguMkhandlu ngokweSigaba 74 soMthetho weziNhlelo zoMasipala;

**“idamu lokubhukuda”** kushiwo idamu lokubhukuda noma lokuntweza okungelikamasipala noma elilawulwa nguye alakhele ukusetshenziswa ngumphakathi uma uzithokozisa lokhu kubandakanya indawo, amabhilidi nezakhiwo ichibi elikuzo;

**"izimali ezinqunyiwe"** kushiwo izimali ezihlonzwe uMkhandlu ngesivumelwano ngokuhambisana nenqubomgomo eyamukelwa uMkhandlu ngokwesigaba 74 soMthetho weziNhlelo zoMasipala; futhi

**“uMthetho weziNhlelo zoMasipala”** kushiwo uMthetho woHulumeni baseKhaya weziNhlelo zoMasipala, 2000 (uMthetho No. 32 ka 2000).

**Ukuhunyushwa kwalo mthetho kaMasipala**

**2.** Uma kukhona ukushayisana phakathi kombhalo wesiNgisi walo Mthetho kaMasipala nombhalo ohunyushiwe, kuyosebenza owesiNgisi.

**Izinhloso zalo Mthetho kaMasipala**

**3.** Izinhloso zalo Mthetho kaMasipala –

(a) ukuqondisa nokulawula ukuqasha nokusebenzisa indawo kaMasipala;

(b) ukunquma izimali ezikhokhwayo ezifanayo zokuqasha nokusebenzisa indawo kaMasipala; kanye;

(c) nokubhekela izindaba ezihambisana nalokho.

**Ukusetshenziswa kwalo Mthetho kaMasipala**

**4.** Lo Mthetho kaMasipala usebenza kuyo yonke indawo engekaMasipala nelawulwa nguye, noma ngabe ikuyiphi indawo, ngaphandle kwalezi zindawo –

(a) e-Albert Luthuli;

(b) e-Ushaka Marine World;

(c) enkundleni yezemidlalo iMoses Mabhida; kanye

(d) nakwezinye izinxanxathela zezitolo, noma kungezikaMasipala, kepha eziphethwe futhi zilawulwa abantu abazimele.

**ISAHLUKO 2**

**UKUQASHWA NOKUSETSHENZISWA KWENDAWO NEZIMFANELO**

***Ingxenye: Izikhungo zobuciko namasiko nezezimfanelo zomphakathi***

**Isicelo sokuqasha indawo**

**5.** Noma ngubani ofisa ukufaka isicelo sokuqasha indawo kaMasipala kufanele ─

(a) alethe isicelo kumsebenzi ogunyaziwe esibhalwe efomini efaneleyo njengoba kunqume uMasipala; futhi

(b) akhokhele umasipala noma i-ejenti kamasipala imali enqunyiwe yokuqasha leyo ndawo okukhulunywa ngayo ngaphambi kokuba kufike usuku le ndawo ayidinga ngalo, ngaphandle-ke uma kutholakale imvume evela kuMasipala ngenye indlela.

**Ilungelo likaMasipala lokunqaba ukuqashisa noma lokuhoxisa**

**6.**(1) Ngale kwezinhlinzeko zesigaba 5, uMasipala unelungelo lokwenqaba ukuqashisa ngendawo yakhe, noma lokuhoxisa isivumelwano sokuqashisa ebese sivunyiwe uma –

(a) umsebenzi ogunyaziwe enezizathu ezizwakalayo zokusola ukuthi le ndawo efunwayo izosetshenziselwa izinhloso eziphambene nomthetho noma ezinye izinhloso ezingayifanele, noma;

(b) indawo efunwayo izodingwa nguMasipala ngesikhathi esifanayo.

(2) Uma kwenzeka uMasipala ehoxisa isivumelwano sokuqashisa ngokwesigatshana (1)(b) noma ngezinye izizathu ezingaphathelene noqashayo, kufanele oqashayo abuyelwe yimali yakhe enqunyiwe abese eyikhokhele uMasipala ukuqasha indawo; kodwa kokunye nje-ke ukubuyelwa imali kuncike ekunqumeni kukaMasipala ngokubona kwakhe.

**Ukusetshenziswa kwendawo**

**7.**(1) Oqashe indawo kufanele ayisebenzisele lokho okubhalwe esicelweni kuphela ngokwemigomo nemibandela enqunywe uMasipala, ngaphandle uma kutholakale imvume kuqala ebhaliwe yokuyisebenzisela ezinye izinto kumsebenzi ogunyaziwe.

(2) Uma oqashile efisa ukusebenzisa indawo kaMasipala ngenhloso yokwenza umhlangano, uMasipala angenqaba nemvume ngaphandle uma enelisekile ukuthi ngalokhu kusetshenziswa kwendawo akuzobangeka msindo futhi akuzodaleka budlova obuzophazamisa izimfanelo zendawo ibala elikuyo.

(3) Phezu kwanoma yini esho okunye ekulo Mthetho kaMasipala, uMasipala angenqaba ukugunyaza isicelo sokuqasha indawo yakhe uma umsebenzi ogunyaziwe enezizathu ezizwakalayo zokukholwa ukuthi ukusetshenziswa kwale ndawo kungashayisana nomthetho kaMasipala wokugwema uhlupho emphakathini, iNuisance By-law nowezempilo iHealth By-law nanoma imuphi omunye ofanele.

**Ukukhokhwa kwemali enqunywe ngokomthetho**

**8.** Umuntu oqashe indawo akavumelekile ukusebenzisa indawo ayiqashile, noma ukungena kuyo ukuze enze amalungiselelo, uma engakayikhokhi yonke imali enqunyiwe yokuqasha

leyo ndawo: Kepha uMasipala angabayekela abantu abathile noma izinhlangano ezithile, uma kunezizathu ezizwakalayo, zingayikhokhi yonke noma zingayikhokhi nhlobo imali enqunyiwe.

**Isikhathi sokuqasha**

**9.** Ngale kwesinqumo sikaMasipala mayelana nezinsuku nesikhathi sokuqasha indawo, uMasipala angamvumela oqashayo ukuba angene endaweni ayiqashile ngaphambi kokufika kosuku lokuqasha ukuze akwazi ukwenza amalungiselelo afanele: Inqobo nje uma imali yokuqasha indawo kaMasipala izokhokhwa ngokuphelele ngaphambi kokuba avunyelwe oqashayo ukuba angene kuleyo ndawo ayiqashile.

**Imigomo nemibandela yokuqasha indawo**

**10.** Umuntu ofaka isicelo sokuqasha indawo ngokwesigaba 5 kufanele asayinde isivumelwano sokuqasha indawo esitholakala emnyangweni kamasipala ofanele oqondene naleyo ndawo esinemigomo nemibandela yokuqashwa kwendawo ngaphambi kokuba uMasipala asivume leso sicelo.

**Ukukhangiswa emphakathini kwemigomo nemibandela yokuqasha**

**11.**(1) UMasipala angayikhangisa noma enze kukhangiswe esangweni noma eduze nesango lendawo kaMasipala imigomo nemibandela yokuqasha leyo ndawo efakwe njengengxenye yalo mthetho kaMasipala futhi ethathwa njengeyamukelwe njengesibopho yibo bonke abaqashayo ngisho bengasisayinanga isivumelwano sokuqasha esisesigabeni 10.

(2) Nobani oqasha indawo kaMasipala kufanele kuthathwe ngokuthi uyazi injengoba injalo imigomo nemibandela yokuqasha ekhonjiswe ngokugqamile endaweni eqashisayo ngokwesigatshana (1) futhi uyivumile.

**Ukuqashisa koqashayo**

**12.** Oqashayo kavunyelwe ukuqashisela omunye umuntu indawo ayiqashile noma ingxenye yayo, noma ukwedlulisela amalungelo akhe noma okunguyisibopho sakhe komunye umuntu ngaphansi kwalo Mthetho kaMasipala, nokuvumela omunye umuntu ukuba asebenzise indawo kaMasipala ngaphandle uma kutholakale imvume kaMasipala ebhaliwe.

**Isimo sendawo**

**13.**(1) Oqashayo kufanele ayihlole indawo ayiqashayo kubandakanya okuxhunyiwe, impahla esetshenziswayo, ukuxhuma nokunye noma ifenisha elapho, ngaphambi kokuqala ukuyisebenzisa.

(2) Uma oqashayo ethola ukuthi okuxhunyiwe, impahla esetshenziswayo, ukuxhuma nokunye noma ifenisha ekuleyo ndawo eqashiwe yephukile, oqsshayo kufanele abhale lowo monakalo ohlwini lwempahla ekhona olutholakala kwaMasipala maqondana naleyo ndawo bese elunika umsebenzi ogunyaziwe kusasele okungenani amahora angamashumi amabili nane ngaphambi kokuqala ukusebenzisa indawo ayiqashile.

(3) Uma oqashile engayihloli indawo noma engawubiki umonakalo noma ukungakheki kahle akuficile ngokwesigatshana (1), kuthathwa ngokuthi konke bekusebenza kahle futhi kusesimweni esifanele ngenkathi eqala ukusebenzisa indawo, uMasipala useyowubeka emahlombe oqashile noma imuphi umonakalo noma ukwephuka okutholakala endaweni eqashiwe ekupheleni kwesikhathi sokuqasha.

**Ukumemezela emphakathini nokukhangisa**

**14.**(1) Umuntu ofake isicelo sokuqasha indawo akufanele amemezele noma akhangise umcimbi afake isicelo sokuqasha indawo mayelana nawo ngokwesigaba 5 engakayitholi incwadi egunyaza isicelo kuMasipala.

(2) Ukugunyazwa kwesicelo soqashayo ngokwesigatshana (1) akumxegiseli oqashayo ekulandeleni izimiso zoMthetho kaMasipala wokukhangisa nezimpawu mayelana nanoma isiphi isimemezelo noma isikhangiso salowo mcimbi emphakathini.

(3) Ngaphambi kokushiya indawo eqashiwe, nobani oqashile kufanele asuse noma imuphi umbhalo, isaziso, umhlobiso, ifuleki, uphawu nani nje enye ayakhile ewuphawu noma yokukhangisa noma ayinamekile futhi alungise nanoma imuphi umonakalo odalwe yilokho kususa.

**Ukuminyana**

**15.**(1) Oqashayo kufanele alandele imiyalelo kaMasipala enquma umkhawulo wesibalo sabantu abavunyelwe ukuba sendaweni ngenkathi oqashile eyisebenzisa ukuze kuqinisekiswe ukuthi akukho kuminyana endaweni noma nini ngesikhathi somcimbi woqashe indawo.

(2) Ngale kokulandlela izidingo ezejwayelekile ezibekwe esigatshaneni (1), oqashe indawo angeke avumele ukuba kungene abantu abeqile esibalweni sezihlalo ezikhona noma uma kungekho zihlalo, angeze avumela isibalo sabantu eseqile emkhawulweni onqunywe yisaziso endaweni noma njengokubeka kwesivumelwano sokuqasha noma kwanoma yimuphi omunye umthetho ofanele.

(3) UMasipala ngokubona kwakhe angabeka umkhawulo wesibalo sabantu abavunyelwe noma kuyiphi indawo eqashiwe noma nini ebhekela izidingo zikaMasipala ezibekwe emibhalweni yenqubomgomo efanele eyamukelwa nguMasipala ngezikhathi ezehlukene okufaka ne-Events Policy and Waste Management Plan, kanye nanoma imuphi omunye umthetho osebenzayo.

**Ukudayiswa kokuya ngasethunjini**

**16.**(1) Akukho muntu oqashe indawo nanoma ngubani omunye ovunyelwe ukudayisa noma yini eya ngasethunjini noma edliwayo endaweni eqashiwe ngesikhathi somcimbi indawo eqashelwe wona engenamvume kaMasipala ebhaliwe.

(2) Noma ngubani ofisa ukudayisa okuya ngasethunjini noma okudliwayo endaweni eqashiwe ngesikhathi somcimbi indawo eqashelwe wona kufanele abhale afake isicelo

kuMasipala acele iphemithi emgunyaza ukuba akwenze lokho nakhona lapho kube ngaphansi kwemigomo nemibandela ebekwe nguMasipala.

(3) Uma uMasipala ekhipha isicelo sokukhishwa kwephemithi ngokwesigatshana (2), angabela lowo ovunyelwe indawo eyanele yokulondoloza impahla ngempela ayidingela ukuhweba.

(4) Kasidingekile isicelo ngokwesigatshana (2) uma ukulethwa nokudayisa kokudla kuyingxenye yomcimbi noma kuyingxenye yomkhankaso indawo eqashelwe wona.

**Okwenziwa nguMasipala**

**17.**(1) Oqashile unejoka lokukhokhela izinsiza zikamasipala azisebenzisile ngesikhathi enomcimbi ezakhiweni eziqashile.

(2) UMasipala angazibiza koqashe indawo izindleko zezinsiza zikaMasipala ezishiwo esigatshaneni (1) ngokusebenzisa enye kumbe ezinye zalezi zindlela:

(a) ngokufaka isamba esihlawunjiselwe sokwenziwayo njengengxenye yemali yokuqasha;

(b) ngokufunda imitha lokwenziwe endaweni eqashiwe ngaphambi nangemuva kwesikhathi sokuqasha; noma

(c) ngokufuna ukuba oqashe indawo afake imitha lakhe ngezindleko zakhe akale ukusebenza kwakwenzelwa ngumasipala endaweni eqashiwe ngaphambi kokuqala komcimbi.

**Ukusebenza nokunakekelwa**

**18.**(1) UMasipala angadinga ukuba oqashe indawo athathe izinyathelo uMasipala azibona zifanele ukunakekelwa nokusetshenziswa ngendlela efanele kwendawo eqashiwe ngesikhathi sokuqasha.

(2) Umsebenzi ogunyaziwe unegunya lokuza emcimbini woqashe indawo ngenhloso yokuzoqinisekisa ukuthi zilandelwa ngokufanele izidingo zikaMasipala zokunakekelwa nokusebetshenziswa ngendlela kwendawo eqashiwe.

(3) Oqashe indawo akanagunya lokucela ukwenzelwa okuthile ngumsebenzi ogunyaziwe oze emcimbini ngokwesigatshana (2).

(4) Oqashe indawo akanagunya lokuhlanzelwa nguMasipala nelokwenzelwa mahhala nanoma yini emayelana nakwenza ngenkathi elungiselela umcimbi awuqashela indawo nangenkathi usuqalile.

**Ukuhoxiswa ngenxa yomonakalo noma yokulinyazwa kwendawo**

**19.**(1) UMasipala angahoxisa ukuqashwa kwanoma iyiphi indawo noma nini uma —

(a) iphihlizwe noma yonakele kangangokuthi kayisasebenziseki;

(b) lokho okudingekile umasipala akwenza endaweni eqashiwe kuphazamisekile noma kunqamukile ngenxa yomonakalo kwingqalasizinda kangangokuthi uMasipala ubona ingase ibe sengcupheni impilo noma ukuphepha kwabasebenzisa leyo ndawo; noma

(c) uMasipala ngokubona kwakhe ethatha isinqumo sokungabe esaqhubeka nokuqashisa indawo ukuze ilungiswe, ngokwesigaba 6(2).

(2) Kufanele kubhalwe kwaziswe oqashe indawo ngesinqumo esithathwe nguMasipala ngokwesigatshana (1) kungakadluli isikhathi eside kakhulu ngemuva kwanoma isiphi isehlo kwezibalwe esigatshaneni (1) esibangele ukuyekiswa.

**Ukuhoxiswa ngenxa yokuphazama**

**20.**(1) UMasipala angahoxisa noma nini ukuqashwa kwendawo uma —

(a) oqashe indawo ephula noma ehluleka ukuhlonipha umgomo walo Mthetho kaMasipala; noma

(b) oqashe indawo ephula imigomo nemibandela yokuqashwa kwendawo ebekwe nguMasipala futhi engakulungisi lokho singakadluli isikhathi esibekwe esazisweni esibhaliwe asinikwe nguMasipala ukuba enze njalo.

(2) Ukuhoxiswa ngokwesigatshana (1) kungephazamise lungelo likaMasipala noma lokukhokhisa oqashe indawo ngokwesimiso salo Mthetho kaMasipala noma umthetho olandelwayo ngokwejwayelekile.

**Ijoka loqashe indawo uma kunqanyulwa isikhathi sokuqasha**

**21.**(1) Oqashe indawo unejoka kuMasipala mayelana nokusetshenziswa nokunakekelwa kwendawo eqashiwe ngendlela efanele kanti uma kunqanyulwa isikhathi sokuqashwa kwendawo noma ngasizathu sini kufanele ─

(a) abuyisele indawo kuMasipala isesimweni esikahle nesilindelekile;

(b) alungise noma akhande okwephukile noma okonakele noma okulahlekile ngezindleko zakhe noma, uma kusho uMasipala, akhokhele uMasipala ngazo zonke izindleko zokulungisa noma ukufaka okunye esikhundleni sokwephukile, okonakele noma okulahlekile;

(c) aphume endaweni eqashiwe singakapheli isikhathi esikhonjwe encwadini yesicelo, esivumelwanweni sokuqasha noma esazisweni sokunqanyulwa kwesikhathi; futhi

(d) alalele noma imuphi umyalelo osemthethweni futhi owephusile kaMasipala noma womsebenzi ogunyaziwe mayelana nokuhlanzwa kwendawo.

(2) Oqashe indawo ongazilaleli izimiso zesigatshana (1) kufanele akhokhiswe enye imali enqunyiwe ngesikhathi esengeziwe asihlale endaweni ngemuva kokunqanyulwa kwesikhathi sokuqasha: Kuncike ekutheni okushiwo yile ndima akumele kuthathwe njengokuvimbela umasipala ekutheni athathe izinyathelo ezisemthethweni ukukhipha endaweni noma ngubani onjalo oqashe indawo.

(3) Uma oqashe indawo ephuma endaweni eqashiwe engayihlanzile nhlobo noma engayihlanzile ngendlela egculisa umsebenzi ogunyaziwe, umsebenzi ogunyaziwe angayihlanza indawo ngezindleko zoyiqashile.

**Ukuhlolwa kwendawo ekunqanyulweni kwesikhathi sokuqasha**

**22.**(1) Ekunqanyulweni kwesikhathi sokuqasha noma ngasizathu sini, umsebenzi ogunyaziwe noqashe indawo noma ababakhombile kufanele bahlole indawo ngenhloso yokuthola ukuthi ungakanani umonakalo kuyo noma kungakanani ukulahleka kwempahla.

(2) Namuphi umonakalo noma ukulahleka kwempahla okutholakele ekuhlolweni okushiwo esigatshaneni (1) kumele kubhalwe ohlwini lwempahla ekhona olushiwo esigabeni 11(2), ikhophi yokugcina bayigcine bobabili.

(3) Oqashe indawo kulindeleke ukuba akhokhele noma imuphi umonakalo noma ukulahlekelwa okutholakala ngenkathi kuhlolwa indawo eqashisayo okushiwo esigatshaneni (1), izindleko zakhona ezingalindeleka okumele zikhokhelwe uMasipala uma esezibasele, kungenjalo uMasipala angafaka icala ukuze akhokhelwe lezo zindleko.

**Umshuwalense**

**23.**(1) Noma nini oqashe indawo akufanele angenise noma avumele ukungena noma ukugcinwa endaweni kwanoma yini engabhuntshisa umshuwalense kaMasipala oqondene naleyo ndawo noma engadala ukwenyuswa kwemali ekhokhelwa umshuwalense waleyo ndawo.

(2) Uma imali ekhokhelwa umshuwalense eshiwo esigatshaneni (1) yenyuka ngenxa yesenzo noma ukudembesela okushiwo kuleso sigatshana, uMasipala ngokubona kwakhe angavuma kuqhutshekwe nokwenziwayo bese eyikhokhisa oqashe indawo khona manjalo ekuphumeni kwesaziso esivela kuMasipala noma enkampanini yomshuwalense leyo mali yomshuwalense eyengeziwe.

(3) Noma nini uMasipala ngokubona kwakhe angafuna ukuba oqashe indawo abe nomshuwalense wendawo ayiqashile awuthathe enkampanini evunywe nguMasipala ukubhekela ukulahlekelwa noma umonakalo ngenxa yomlilo noma ngenxa yanoma iyiphi imbangela ngesikhathi somcimbi indawo eqashelwe wona noma ngenxa yawo.

**Ilungelo likaMasipala lokungena**

**24.**(1) Ngaphansi komthethosisekelo nanoma imuphi umthetho ofanele, umsebenzi ogunyaziwe kumbe noma ngubani omunye ogunyazwe nguMasipala ngokubhaliwe ukwenze njalo angangena endaweni eqashiwe noma ngasikhathi sini esingalindeleka ngenhloso —

(a) yokuyilungisa, ukwenza izinguquko, ukwengeza, ukwenza izinguqukwana noma ukuyenza ngcono;

(b) yokuqinisekisa ukuthi isimo sokuqashwa kwendawo njengoba sibhalwe esivumelwanweni sokuqasha nalo mthetho kaMasipala kuyalandelwa; noma

(c) yokuqinisekisa ukuthi imithetho yempilo nokuphepha noma eminye efanele ilalelwa ngendlela efanele.

(2) Oqashayo kufanele alandele noma imuphi umyalelo osemthethweni ovela kumsebenzi ogunyaziwe kumbe noma kubani omunye oshiwo esigatshaneni (1) ukuqinisekisa ukulalelwa okufanele kwemibandela yokuqasha indawo eqashiwe.

**Imithetho yomlilo nokuvikeleka**

**25.** Oqashayo kufanele ayazi imithetho kaMasipala yomlilo nanoma imiphi eminye efanele esebenzayo ngezikhathi ezehlukene kuleyo ndawo futhi kufanele ayilandelisise angachezuki kuyo ngesikhathi esaqashile.

**Izikhungo zomphakathi namagumbi okuhlanganela amaqembu**

**26.**(1) Oqashe isikhungo somphakathi enzela iqembu kungumthwalo wakhe ukuziphatha kwawo wonke amalungu alo noma nini uma lawo malungu nezimenywa zawo zisendaweni eqashiwe.

(2) Ngaphandle uma kunemvume eyehlukile ekhishwe umsebenzi ogunyaziwe ophethe isikhungo, okwenziwa yiqembu kungenzeka ngaphansi kweso lomsebenzi ogunyaziwe kuphela.

(3) Okwenziwa yiqembu kungenziwa ngezikhathi ezibekelwe khona ngumsebenzi ogunyaziwe ophethe isikhungo, kuphela.

(4) UMkhandlu unelungelo lokunquma ukuthi isikhungo noma ingxenye yaso ingasetshenziswa ukwenzani, okufaka nezikhathi nemibandela lapho noma iyiphi ingxenye yesikhungo ingabekelwa eceleni ukusetshenziswa ngamalungu eqembu elithile kuphela.

**Okwenqatshelwe**

**27.**(1) Umuntu oze emcimbini endaweni eqashiwe akufanele ─

(a) aziphathe ngendlela engemukelekile futhi engabekezeleleki;

(b) abe yinkathazo kumbe uhlupho noma kubani omunye endaweni eqashiwe noma komakhelwane;

(c) agxambukele ezimfanelweni zendawo indawo eqashiwe ephakathi kwazo;

(d) agqoke ngendlela engafanele noma elichilo kubhekwe nohlobo lomcimbi indawo eqashelwe wona; noma

(e) azibandakanye nanoma yini enye engukwephula lo Mthetho kaMasipala, uMthetho kaMasipala iNuisance and Health By-laws kumbe noma imuphi omunye ofanele.

(2) Ngesikhathi umcimbi usaqhubeka umsebenzi ogunyaziwe angayalela ukuba oqashe indawo akhiphe noma ngubani odakiwe noma owephula isigatshana (1).

(3) Ngesikhathi umcimbi usaqhubeka umsebenzi ogunyaziwe angayalela ukuba oqashe indawo avimbele ukungena kwanoma ngubani odakiwe noma owephula isigatshana (1).

## *Ingxenye 2: Izindawo zamakhempu namakharavani*

**Imigomo nemibandela**

**28.**(1) Ukusetshenziswa nokuthokozelwa kwezindawo zamakhempu namakharavani kwanoma ngubani kuncike ekulandelweni kwezinhlinzeko zalo Mthetho kaMasipala kanjalo neminye imigomo nemibandela yokukhipha iphemithi yokumisa amakhempu noma amakharavani enqunywe nguMasipala izikhathi ngezikhathi ngokwesigaba 26.

(2) Izimiso zeNgxenye 1 zisebenza nezinguquko ezifanele kule Ngxenye njengoba zihambisana nokusetshenziswa kwendawo yokukhempa namakharavani.

**Ukufaka isicelo sephemithi yokukhempa namakharavani**

**29.**(1) Noma ngubani ofisa ukusebenzisa indawo yokukhempa noma yamakharavani kufanele abhale incwadi afake isicelo sokunikwa iphemithi emgunyaza ukuba enze njalo asibhekise kumuntu ofanele.

(2) Iphemithi yokukhempa noma yezindawo zamakharavani ekhishwa ngoqondene nalokho ngokwesigatshana (1) isebenza isikhathi esibhalwe kuyo.

(3) Umnikazi wephemithi nanobani omunye omphelekezelayo kufanele ngaso sonke isikhathi alandele imibandela ebhalwe ephemithini efanele.

**Ukwabiwa nokusetshenziwa kwezindawo**

**30.**(1) Indawo yokukhempa noma yamakharavani yabiwa ngokubona koqondene nokukhempa futhi ingasetshenziselwa inhloso ekhonjwe ephemithini ekhishelwe yona kuphela.

(2) Indawo yokukhempa noma yamakharavani ngeke isetshenziselwe ukwakha nanoma isiphi esinye isakhiwo sesikhathi eside ngaphandle kwetende ngenhloso yokusetshenziswa ngumnikazi wephemithi noma labo ahambisana nabo ngempela.

(3) Ikharavani emiswe endaweni yamakharavani ingasetshenziselwa ukuhlalisa umnikazi wephemithi kumbe labo ahambisana nabo kuphela.

**Ukwelulwa kwamaphemithi**

**31.** Isikhathi sokusebenza kwephemithi singelulwa ngokubona koqondene nezindawo zamakhempu uma indawo ingakabelwa omunye umuntu ngesikhathi okudingeka yelulwe ngaso.

**Ukusetshenziswa kwemigwaqo nezindlela ngendlela efanele**

**32.** Umnikazi wephemithi nanoma ngibani ahambisana naye, kumele uma beya noma bebuya endaweni yokukhempa, basebenzise imigwaqo nezindlela ezibekiwe endaweni yokukhempa noma yamakharavani.

**Ukubekiswa kwendawo**

**33.**(1) Indawo yokukhempa noma yamakharavani ingabekiswa kusenesikhathi, umuntu oyibekisayo akhokhe imali enqunyiwe kumuntu oqondene nezokukhempa ngosuku lokuqala lokubekisa noma ngaphambi kwalokho, kungenjalo ukubekisa kwakhe kungase kubhuntshe.

(2) Umuntu ongayisebenzisanga indawo yokukhempa noma yamakharavani ebekisiwe kabuyelwa mali enqunyiwe ekhokhwa ngaphambi kwesikhathi noma ngabe ubeka sizathu sini sokungayisebenzisi.

**Ilungelo lokwenqaba ukuvuselela amaphemithi**

**34.** Oqondene nokukhempa angenqaba ukukhipha noma ukuvuselela iphemithi yanoma ngubani anesizathu esizwakalayo sokusola ukuthi wephule noma imuphi umyalelo walo mthetho kaMasipala.

**Ukuhoxiswa kwamaphemithi**

**35.** Ngaphansi ekulandelweni kwenqubo efanele ngokomthethosisekelo nanoma imuphi omunye umthetho osebenzayo, umsebenzi oqondene nezokukhempa angahoxisa iphemithi yomnikazi uma lowo mnikazi kumbe noma ngubani omunye kwabahambisana naye ephambuka esimisweni salo mthetho kaMasipala.

**Ukwenqatshelwa**

**36.** Umuntu angeze ─

(a) akhempa noma abase umlilo ngenhloso yokukhempa nomaphi obala nje noma endaweni kaMasipala noma engaphansi kukaMasipala ngaphandle uma kusendaweni yokukhempa eyabiwe ngoqondene nokukhempa ngokwalo mthetho kaMasipala;

(b) aba sendaweni yokukhempa isikhathi esingaphezu kwezinsuku ezingama-30 ezinyangeni ezili-12 zilandelana, ngaphandle uma eqale ngokuthola imvume ebhaliwe koqondene nokukhempa yokwelula isikhathi singeqi ezinsukwini ezili-10;

(c) angena noma athwabaze endaweni yokukhempa noma yamakharavani ngaphandle uma enephemithi noma engomunye wabahambisana nomnikazi wephemithi kumbe ngempela eyisivakashi somnikazi wephemithi;

(d) aqhuba ibhizinisi noma ahwebe ngaphakathi kwendawo yokukhempa noma yamakharavani engaqalanga ngokuthola imvume kaMasipala ebhaliwe;

(e) acekela phansi okutshaliwe nanoma mpahlani kaMasipala endaweni yokukhempa noma yamakharavani ngabomu kumbe budedengu;

(f) angena nesibhamu endaweni yamatende noma yamakharavani, ngaphandle kwesibhamu esinelayisense somnikazi wephemithi asiphathele ukuzivikela yena siqu nahambisana nabo, okufanele sidalulwe futhi sibhaliswe koqondene nokukhempa kufikwa nje endaweni yokukhempa noma yamakharavani; noma

(g) adubula, acuphe noma alimaze kumbe aphazamise isilwane inyoni noma inhlanzi nganoma iyiphi indlela endaweni yokukhempa noma yamakharavani ngaphandle kokudoba emfuleni noma edamini elinesaziso esivumela ukudoba futhi lowo muntu ebe enelayisense yokudoba esebenzayo ekhishwe ngokwanoma imuphi umthetho ofanele.

**Indawo kumele ishiywe ihlanzekile futhi iqoqiwe**

**37.** Umnikazi wephemithi osehamba endaweni yokukhempa noma yamakharavani kufanele —

(a) ashiye indawo ihlanzekile iqoqekile futhi aqinisekise ukuthi zonke izibi ezisele zifakwe emgqonyeni wezibi obekelwe lokho; futhi

(b) agqibe namuphi umgodi ombiwe nguye noma ombiwe ngahambisana nabo.

### *Ingxenye 3: Izindawo zokudlala nezokubhukuda*

**Imigomo nemibandela**

**38.**(1) Ukusebenzisa nokuzithokozisa ezindaweni zokudlala komphakathi nanobani omunye kuncike ekulandelweni kwezinhlinzeko zalo mthetho kaMasipala, imigomo nemibandela esesivumelwaneni sokuqasha, uma sikhona, kanjalo naleyo migomo nemibandela engabekwa nguMasipala ngezikhathi ezahlukene eqondene nalokhu.

(2) Izinhlinzeko zeNgxenye 1 zisebenza nezinguquko ezifanele kule Ngxenye ngokuhambisana kwazo nokuqashiswa nokusetshenziswa kwezindawo zokudlala ngamalungu omphakathi nanoma ngubani omunye.

**Ukubekisa izindawo zemidlalo**

**39.**(1) Ngenxa yokushoda kwezindawo zemidlalo kuyona yonke imiphakathi, ukuqashwa kwezindawo zemidlalo kufanele kuhlelwe ngokubekisa kusenesikhathi kumsebenzi ogunyaziwe kube nguwashiywa futhi kubhalwe ngumsebenzi ogunyaziwe ebhukwini eligcinelwa lokho.

(2) Ngale kokulandela izimiso zesigatshana (1), uMasipala angabekisa indawo yezemidlalo isikhathi esithile ukuze isetshenziselwe umcimbi wezemidlalo noma umncintiswano futhi ngaleso sikhathi angaligodla ilungelo lokungena kuleyo ndawo futhi anqume nemali yokungena.

**Izilwane**

**40.** Akukho muntu ovunyelwe ukungena nanoma silwane sini endaweni yezemidlalo yomphakathi, ngaphandle kwenja ehola ongaboni emehlweni, ngaphandle kwemvume ebhaliwe yomsebenzi ogunyaziwe, ngaphandle uma ─

(a) ukungena nesilwane kugunyazwe ngesaziso esibekwe endaweni esobala esangweni lesikhungo semidlalo endaweni; noma

(b) isikhungo semidlalo sakhelwe noma siqashelwe umcimbi ophathelene nezilwane vele.

**Izibhamu nezikhali zendabuko**

**41.** Izibhamu noma izikhali zendabuko kazingeni endaweni yezemidlalo yomphakathi ngaphandle uma zizoshiywa kumsebenzi ogunyaziwe azigcine ziphephile futhi zithathwe uma sekuhanjwa, kuye ngobukhona bezisefo zokulondoloza noma enye indawo yokulondoloza efanele lapho kungenwa khona.

**Izikhathi zokusebenza kwezindawo zokubhukuda**

**42**. (1) Izinsuku nezikhathi izindawo zokubhukuda ezivulelwe umphakathi ngazo kumele zikhonjiswe embhalweni ofanele obonakalayo kubo bonke abazisebenzisayo.

(2) UMasipala unelungelo lokuguqula izikhathi zokusebenza kwezindawo zokubhukuda.

(3) Ukubhukuda kufanele kume kusasele imizuzu engama-30 kushaye isikhathi sokuvala futhi wonke amalungu omphakathi kufanele aphume egcekeni ngesikhathi sokuvala kumbe singakashayi.

(4) Noma iliphi ilungu lomphakathi –

(a) elitholakala libhukuda ngale kwezikhathi zokusebenza lingenamvume yesikhulu esigunyaziwe; noma

(b) elenqaba ukuphuma egcekeni lechibi ngesikhathi sokuvala,

liyoba necala lokwephula umthetho.

**Ukuvunyelwa ukungena egcekeni lendawo yokubhukuda**

**43**.(1) Akukho muntu ovunyelwe ukungena egcekeni lendawo yokubhuda engayikhokhile imali enqunyiwe.

(2) Nobani ongena egcekeni lendawo yokubhukuda kufanele avezele umsebenzi ogunyaziwe ubufakazi bokuthi ukhokhile ngaphambi kokungena egcekeni lelo.

(3) UMasipala angenqabela noma ngubani angangeni egcekeni lendawo yokubhukuda uma –

(a) kudingeka ngenxa yezizathu zokuphepha nempilo yomphakathi;

(b) kunesidingo ngenxa yokulungiswa nokunakekelwa kwendawo; noma

(c) nganoma isiphi esinye sizathu uMasipala asibona sifanele.

(4) Zonke izingane ezingaphansi kweminyaka eli-14 kufanele ziphekezelwe ngumuntu omdala.

**Ukusetshenziswa ngokukhethile**

**44.**(1) Uma kufakwe isicelo kwakhokhwa nemali enqunyiwe umsebenzi ogunyaziwe anganikeza ingxenye ethile yendawo yokubhukuda kumbe yonke eqenjini lokubhukuda, kumuntu noma inhlangano ngezikhathi ezinqunyiwe: Kuncike ekutheni inhloso yalokho kusetshenziswa kuyimidlalo yasemanzini noma yokubhukuda ehleliwe.

(2) Uma isicelo sivunyiwe ngokwesigatshana (1), ingxenye yendawo yokubhukuda noma yonke ingavalwa umphakathi ungangeni ngesikhathi isetshenziselwa lokho.

**Amagumbi okushintshela**

**45.**(1) Kumele kube namagumbi ehlukene abesilisa nabesifazane.

(2) Ingane yomfana eneminyaka engaphezu kweyisikhombisa kayivunyelwe ukungena egunjini lokushintshela labesifazane ngokunjalo nenyentombazane eneminyaka engaphezu kweyisikhombisa kayivunyelwe ukungena egunjini lokushintshela labesilisa.

(3) Akukho muntu ongathwabaza egunjini lokushintshela noma alisebenzisele okunye elingakhelwanga khona.

**Ukuqeqesha nemiyalelo**

**46.**(1) Akukho muntu ongaqeqesha noma akhiphe imiyalelo endaweni yokubhukuda ngaphandle uma kunemvume ebhaliwe etholakele kumsebenzi ogunyaziwe equkethe imigomo nemibandela.

(2) Akukho meluleki ongeluleka izingane ezingaphezu kwezinhlanu.

(3) Umsebenzi ogunyaziwe anganikeza umqeqeshi noma owelulekayo isaziso sezinsuku ezingama-30 sokuhoxisa imvume ekhishwe ngokwesigatshana (1).

(4) Ngaphezu kwemibandela ebekwe ngokwesigatshana (1) abaqeqeshi nabelulekayo baphoqekile kuba balandele yonke eminye imithetho kumbe izidingo ezibekwe nguMasipala.

(5) Imvume ekhishwe ngokwesigatshana (5) ingancika kwimigomo nemibandela yomsebenzi ogunyaziwe.

(6) Bonke abelulekayo nabaqeqeshi okudingeka bakhokhe kufanele bakwenze lokho kusasele inyanga futhi uma sebekhokhile abazali nabafundi beqembu lokubhukuda bangabe besayikhokha eyokungena eyejwayelekile ngezinsuku abeze ngazo ezifundweni.

(7) Ngaphezu kwemigomo nemibandela ebekwe ezigatshaneni (1), (4) no-(6), kusebenza nale migomo nemibandela elandelayo:

(a) imizila engeqile kwemithathu ingabekelwa oyedwa oqeqeshayo ngesikhathi sesifundo;

(b) ukuqeqesha kuzokwenziwa kusukela ngehora lesi-6:00 – 9:00 ekuseni ngoMsombuluko kuya kuMgqibelo nangelesi-5:00 – 8:00 ntambama ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu;

(c) imvume yokusebenzisa imizila iyonikezwa abaqeqeshi abangeqile kwababili echibini ngalinye ngaphandle uma kutholakele imvume ngokwesigaba 44;

(d) uma kusetshenziswa khona ngokukhethile indawo yokubhukuda akukho kuqeqesha nakweluleka okufanele kwenziwe futhi yonke imali ekhokhelwe ukunikeza amacebo nokweluleka iyocwila;

(e) uma umqeqeshi noma umeluleki engazisebenzisanga izikhathi ezibekisiwe, akukho mali yalezo zikhathi eyobuya;

**Ukwenqabela okuqondene nezindawo zokubhukuda**

**47**(1) Akukho muntu –

(a) ongaletha noma abe yimbangela yokulethwa –

(i) kwebhola;

(ii) koqwembe lokutshuza;

(iii) kwento yokudlala emanzini;

(iv) kotshwala;

(v) kwezikhali;

(vi) kwezingilazi; noma

(vii) kwempahla edayisayo;

(b) ukugxumela edamini ngaphandle uma esebenzisa indawo yokugxuma esemthethweni;

(c) ukubhukuda enqunu;

(d) ukungena endlini yokushintsha yababulili obungebona obakhe, kuye ngokusho kwesigaba 45;

(e) ukushobinga noma ukuzikhulula echibini lokubhukuda;

(f) ukudla echibini lokubhukuda;

(g) ukuzibandakanya emdlalweni noma okunye okuyingozi;

(h) ukuziphatha ngobudlova;

(i) ukuthatha, ukwephula noma ukona noma mpahlani;

(j) ukushiya noma yini engadala ingozi noma inkathazo kwabanye;

(k) ukubasa umlilo noma ngabe uhloseni;

(l) ukulwa, ukuqagulisana noma ukusebenzisa ulimi olungenanhlonipho;

(m) ukubhema;

(n) ukuzibandakanya noma yikumuphi umdlalo ongaba yinkathazo kwabanye abasebenzisayo;

(o) ukuphonsa noma yini emanzini;

(p) ukududulela noma ukuphonsa omunye umuntu emanzini;

(q) ukusebenzisa ipulangwe lokungena emanzini ngenkathi omunye esephezulu kulo;

(r) ukuhlanza noma mpahlani egqokwayo echibini kanye

(s) nokwenza okuphambene nanoma iluphi uphawu olumiswe ebaleni lechibi.

## ISAHLUKO 3
## OKUXUBILE

**Amacala nezijeziso**

**48.**(1) Umuntu unecala lokwephula umthetho uma ─

(a) ephula noma ehluleka ukulandela noma ikuphi okushiwo yilo mthetho kaMasipala;

(b) engalandeli isaziso esikhishwe noma esibekwe ngokwalo mthetho kaMasipala;

(c) engawulaleli umyalelo osemthethweni okhishwa ngokwalo mthetho kaMasipala; noma

(d) ephazamisa kumbe evimba umsebenzi ogunyaziwe kaMasipala noma omele uMasipala ekwenzeni umsebenzi wakhe ngaphansi kwalo mthetho kaMasipala.

(2) Umuntu olahlwe yicala lokwephula umthetho ngaphansi kwalesi sigaba angahlawuliswa noma abhadle ejele izinyanga ezingeqile kweziyisithupha noma kokubili.

**Ukudluliselwa kwamandla**

**49.**(1) Kuncike kuMthethosisekelo nemithetho esebenzayo kazwelonke neyesifundazwe, noma imaphi -

(a) amandla, ngaphandle kwamandla okukhulunywe ngawo esigabeni 160(2) soMthethosisekelo;

(b) umsebenzi; noma

(c) ijoka,

ngokwalo mthetho kaMasipala, elidluliselwe eMkhandlwini noma ohlakeni lukaMasipala lwezombusazwe, kwiziphathimandla zezombusazwe, kumakhansela noma kubasebenzi, lingadluliselwa yilolo hlaka lwezombusazwe, yileso siphathimandla sombusazwe, yilelo khansela noma yilowo msebenzi ophikweni olungaphakathi noma kumsebenzi oqashwe uMasipala.

(2) Ukudlulisela ngokwesigatshana (1) kufanele kwenziwe ngokohlelo lokudluliselwa kwamandla olwamukelwe nguMkhandlu ngokwesigaba 59(1) soMthetho weziNhlelo zoMasipala, ngaphansi kwemibandela ebekwe esigabeni 50(2) salo Mthetho okukhulunywe ngawo.

(3) Noma ikuphi ukudluliselwa kwamandla okuqondwe kulesi sigaba kufanele kubhalwe kwiRejista yokudluliselwa kwamandla okumele iveze ulwazi mayelana ─

(a) nohlaka noma umuntu odluliselayo;
(b) okudluliselwa kuye noma odluliselwa ngodluliselwe;
(c) nemibandela esiphathelene nokudluliselwa.

**Izikhalo**

**50.**(1) Umuntu omalungelo akhe ayathinteka ngenxa yesinqumo esithathwe ngumsebenzi ogunyaziwe ngokwalo mthetho kaMasipala angakhalaza ngesinqumo ngokwezinhlinzeko zokudluliswa kwamacala esiqukethwe eMthethweni woHulumeni baseKhaya weziNhlelo zoMasipala, 2000 (uMthetho No. 32 ka 2000) ngokubhala isaziso sokukhalaza kanye nezizathu abhekise kwimenenja yedolobha zingakapheli izinsuku ezingama-21 kusukela osukwini lokwaziswa ngesinqumo.

(2) Imenenja yedolobha kufanele ngokushesha idlulisele isikhalo ohlakeni olubhekele izikhalo.

(3) Uhlaka olubhekele izikhalo kufanele lucubungule isikhalo engakapheli amasonto ayisithupha futhi luthathe isinqumo ngokushesha.

(4) Uhlaka olubhekele izikhalo kumele luqinisekise, luguqule noma luhoxise isinqumo, kodwa akukho kuguqulwa noma ukuhoxiswa kwesinqumo okungawashaya indiva noma imaphi amalungelo avele ngenxa yesinqumo.

(5) Uhlaka olubhekele izikhalo kufanele lunikeze izizathu ezibhaliwe zesinqumo salo mayelaan nazo zonke izikhalo ezilethwe kulo.

(6) Zonke izikhalo zenziwa ngokoMthetho woHulumeni baseKhaya weziNhlelo zoMasipala, 2000 (uMthetho No. 32 ka 2000) hhayi ngokwalo mthetho kaMasipala.

**Ukuchithwa kwemithetho negcinwayo**

**51.**(1) Imithetho ebalulwe ohlwini lokuqala nolwesibili lweshedulli yalo mthetho kaMasipala iyahoxiswa ngobungako obubekwe ohlwini lwesithathu lwaleyo Sheduli.

(2) Noma imaphi amalungelo atholakele noma izibopho ezikhona ngokwanoma imuphi umthetho kaMasipala ochithiwe ngokwesigatshana (1) ziyosebenza sengathi leyo mithetho kaMasipala isekhona.

**Isihloko esifigqiwe nokuqala kokusebenza komthetho**

**52.** Lo mthetho kaMasipala ubizwa ngoMthetho weZakhiwo neziNdawo zikaMasipala weTheku 2013, kanti uqala ukusebenza ngosuku oyoshicilelwa ngalo kwiGazethi yesiFundazwe noma njengoba kushiwo esazisweni sawo.

**ISHEDULI**

**IMITHETHO ECHITHIWE**

*(Isigaba 45)*

| ***Inombolo nonyaka womthetho*** | ***Isihloko*** | ***Ingxenye echithwayo*** |
|---|---|---|
| Isaziso sesiFundazwe No. 426 sika 1987 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 4068 yamhla ka 22 ku-Okthoba 1987 | Imithetho kaMasipala yaseManzimtoti ephathelene neziMvume zeziNdawo ezingaphansi koMkhandlu | Yonke |
| Isaziso sesiFundazwe No. 125 sika 1986 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe | Imithetho kaMasipala yamaHholo yeNdawo yase-Kingsburgh | Yonke |

| | | |
|---|---|---|
| No. 4518 yamhla ka 6 kuMashi 1986 | | |
| Isaziso sesiFundazwe No. 210 sika 1987 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 4591 yamhla ka 2 kuJulayi 1987 | Imithetho kamasipala yendawo yaseManzimtoti ephathelene nokusetshenziswa kweHholo leDolobha noma kwezinye iZakhiwo zikaMasipala | Yonke |
| Isaziso sesiFundazwe No. 584 sika 1950 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 2320 yamhla ka 23 kuNovemba 1950 | Imithetho kamasipala yeLokishi laseSiphingo Beach ephathelene namaTharifu okuqasha i-Memorial Hall | Yonke |
| Isaziso sesiFundazwe No. 602 sika 1978 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 4081 yamhla ka 30 kuNovemba 1978 | Imithethonqubo yeKomidi lezeMpilo zaseMbongintwini ephathelene nokuQashiswa nokuSetshenziwa kwe-Jubilee Hall | Yonke |
| Isaziso sesiFundazwe No. 26 sika 1914 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 215 yamhla ka 12 kuFebhuwari 1914 | Imithetho kaMasipala yeDolobha laseThekwini | Izigaba 136, 136 bis, 137,137 bis, 137 ter, 137 quat, 137 quin, 137 sept, 137 sext, 137 oct, 137 nov, 137 dec, 137 undec. |
| Isaziso sesiFundazwe No. 73 sika 1988 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 4629 yamhla ka 10 kuMashi 1988 | Imithethonqubo yeKomidi lezeMpilo lase-Cato Ridge ephathelene nokuQashiswa kwama-Group Activities Room | Yonke |
| Isaziso sesiFundazwe No. 151 sika 1978 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 4037 yamhla ka 16 kuMashi 1978 | Imithetho kaMasipala yeLokishi lase-Hillcrest ephathelene nokuQashiswa kwe-Civic Hall | Yonke |

| | | |
|---|---|---|
| Isaziso sesiFundazwe No. 173 sika 1959 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 2910 yamhla ka 16 ku-Ephreli 1959 | Imithetho kaMasipala yase-Kloof ephathelene nokuQashiswa nokusetshenziswa kwe-Kloof Town Hall nama-Group Activities Room | Yonke |
| Isaziso sesiFundazwe No. 383 sika 1977 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 3997 yamhla ka 28 kuJulayi 1977 | Imithetho kaMasipala yase-New Germany ephathelene nokuQashiswa nokuSetshenziwa kweMpahla yoMkhandlu e-New Germany | Yonke |
| Isaziso sesiFundazwe No. 448 sika 1981 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 4256 yamhla ka 27 ku-Agasti 1981 | Imithetho kaMasipala yase-New Germany ephathelene nokuQashiswa lwe-Library Group Activities Room | Yonke |
| Isaziso sesiFundazwe No. 225 sika 1981 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 4239 yamhla ka 29 kuMeyi 1981 | Imithetho kaMasipala yase-Verulam ephathelene nokuQashiswa nokuSetshenziswa kwe-Mountview Community Hall ne-Verulam Public Hall | Yonke |
| Isaziso sesiFundazwe No. 238 sika 1970 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 3561 yamhla ka 28 kuMeyi 1970 | Imithetho kaMasipala yase-Westville ephathelene nokuQashiswa nokuSetshenziwa kwe-Town Hall, kwe-Indian Community Hall, Westville North Library ne-Community Centre kanye namanye ama-Municipal Rooms | Yonke |
| Isaziso sesiFundazwe No. | Imithethonqubo yeKomidi | Yonke |

| | | |
|---|---|---|
| 462 sika 1973 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 3756 yamhla ka 30 ku-Agasti 1973 | lezeMpilo lase-Yellowwood ephathelene nokuQashiswa kwe-Civic Centre | |
| Isaziso sesiFundazwe No. 85 sika 1989 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 4683 yamhla ka 16 kuMashi 1989. | Umthetho kaMasipala weTheku wamaPhuli okubhukuda | Yonke |